



agriculture & rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, UMNU. THEMBA MTHEMBU AKAYETHULA EMCIMBINI WOKUQALISWA KWESIKHATHI SOKUTSHALA KWAZULU NATALI

INDAWO: OPHUZANE STADIUM, UMKHANDLU WASEDUMBE

USUKU: ULWESIBILI, 25 OKTHOBA 2016

Mphathi woHlelo oyiNhloko yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa
kweMiphakathi yaseMakhaya, Dkt. SF Mkhize

INkosi S Mthethwa, iNkosi yesizwe saseGodini

AmaKhosi akhona namuhla

USobaba woMkhandlu waseDumbe, uKhansela M. Mavuso

IKhansela leSigceme, uMnu. HH Vilakazi

AmaKhansela onke akhona

USihlalo weKomidi lesiShayamthetho elibhekele ezoLimo nokuThuthukiswa
kweMiphakathi yaseMakhaya, uNksz. Nomagugu Simelane-Zulu

AmaLungu eKomidi lesiShayamthetho

USihlalo we Women in Agriculture and Rural Development (WARD), uNksz.
Makhosi Xhakaza

USihlalo we Youth in Agriculture and Rural Development (YARD), UMnu. Noah
Nyawo

UMphathi wesiFunda sezoLimo, uMnu. Mzi Dlamini

AbaHoli boMphakathi

Abalimi

Bafowethu noDadewethu

Namuhla asibungazi nje kuphela ukuqalisa kwesikhathi sokutshala kepha
sibungaza ukuthi ezolimo KwaZulu Natali zinyathela ngonyawo olusha futhi
zilandela umgudu omusha.

Ngaphambi kokuba ngingene ngigxile kwimidanti angiqale ngokuniqinisekisa

ukuthi cha uma sikhuluma ngonyawo olusha asisho ukuthi sesilaxaza phansi iqhinga lokuguqula ezolimo esiFundazweni. Cha asikasuki ezinhlosweni zoHlelo lukaZwelonke lweNtuthuko futhi asikachezuki oHlelweni lwesiFundazwe lokuDlondlobala olukhulisa ezolimo kanye nomnotho wezindawo zasemakhaya.

Yize kunjalo, kumele sikwamukele ukuthi isomiso sisikhombisile ukuthi angeke sisakwazi ukuqhubeka nokulima sisebenzisa izindlela ezejwayelekile. Ngenxa yalokhu sekuhlale obala ukuthi sekumele sishintshe ukwenza sigxile ezindleleni zezolimo eziletha uguquko olunqala ezimpilweni zabantu bakithi. Ukwethulwa kwalesi sikhathi sokulima kuzoba ngokokugcina ngci okwenziwa ngalolu hlobo. Ziningi izinguquko kwezolimo, eziningi ziseza njengoba sisaqhubeka nokuxoxisana nemikhakha ehlukeni kwezolimo.

Okuyingqikithi nesikubeka eqhulwini ngalezi zinguquko ukuqinisekisa ukuthi isiFundazwe sethu sinokudla okwanele.

Sizophinde futhi siqinisekise ukuthi selula isandla sethu ukuze sifinyelele futhi sisebenzisane nalo lonke uhlobo lwabalimi kusukela kugogo onesivande emva kwendlu kuya kwizivande ezandayo ngesibalo zemindeni, ezasemadolobheni kuya kumasimu omphakathi atshala ummbila nobhontshisi. Sizobuyela emasisweni silime njengoba okhokho bethu babenza.

Empeleni isiqubulo sethu esisha esithi, "Masenze ezolimo zibe yisikompilo lethu" sikubeka kucace bha ukuthi sihloseni.

Bakwethu, ake ngenabe ngalolu nyawo olusha esesinyathela ngalo ngaphambi kokuba ngingene odabeni esize ngalo namuhla lokwethula isikhathi sokulima. Kuzothi ngasekugcineni ngiveze imininingwane yokuthi sibhekephi mayelana nokwenza ezolimo isikompilo lethu.

Abantu baseDumbe nabakhele uMkhandlu wesiFunda saseZululand bakhahlamezekile ngenxa yesomiso kangokuthi ukwesweleka kwamanzi kuholele ekutheni bangakwazi ukutshala lutho emhlabathini obusuphenduke ugwadule. Ngakho-ke nazi kahle ukuthi ngenxa yalesi somiso sibhekene nengwadla yokwesweleka kokudla. Ukudla esikudinga mihla yonke okufana nommbila sesikuthenga emazweni angaphandle kanti amanani entengo yezithelo, imifino asenyuke ngendlela eyenza ukuba kube nzima ukuzithenga.

Iphephandaba langeSonto, iSunday Tribune, libike ngawo lawa manani entengo yokudla lathi amba eqolo futhi ayishaya ayibhuqe imihlo yabantu. UGogo uThandi Mkhize kanye nabanye abaxoxisane naleli phephandaba bathe sebeyaphoqeka ukuba banciphise umthamo wokudla abawudla ngosuku ukuze ukudla kubalonde inyanga yonke. Bakhulume ngokuthi sebeyaphoqeka ukuba bayekele ukudla okunothile emsocweni ngoba sekudule. Bathe inyama ebomvu, eyenkukhu kanye nezithelo sekuphenduke ukudla okudliwa ngomtakabani.

Lokhu ngokudla okuhlinzeka umsoco nezakhamzimba ezibalulekile empilweni yezakhamizi zakithi, ikakhulukazi izingane zethu. Ngokwezazi zezempilo, umphumela wokungakutholi ukudla okunomsoco nezakhamzimba kuholela ekutheni ingane eyodwa kwezinhlanu ibe ngengondlekile futhi egcina ithwala kanzima ekuphumeleleni ezifundweni zayo. Impumelelo nekusasa lesizwe sethu ikubantwana bethu kepha uma sehluleka ukubahlinzeka ngokudla okunezondlamzimba lokho kusho ukuthi ikusasa lesizwe libucayi. Kumele sibheke ukuthi yiziphi izakhamzimba ezidingekayo ngoba lokho kusiholela ekwazini ukuthi zinhlobo zini zokudla ekumele sizikhiqize. Isibonelo ukuthi uma

sidinga isakhamzimba esingu Vitamin A sidinga ukukhiqiza ubhatata ophuzi.

Lokhu kukhomba ngokusobala ukuthi kubaluleke kangakanani ukuba sishintshe izindlela esilima ngazo. Sekuyisikhathi sokuthi siqale sibheke ukudla njengomthombo wempilo nowokuletha ubulungiswa ngaphambi kokuba sikubuke ngamehlo enzuzo.

Esinye isizathu sokunyathela ngonyawo olusha ukuthi uma uyihlolisisa kahle imboni yezolimo uzobona ukuthi akukho okungakanani osekushintshile. Izisebenzi zasemapulazini zisahola amakinati futhi zisadla imbuya ngothi. Asikaphumeleli namanje ukubuyisa isithunzi sabantu bakithi esalahleka ngesikhathi sokubuswa kwezwe lethu ngabelungu, umbuso wobandlululo kanye nangesikhathi bephucwa umhlaba wabo. Ngenxa yokuphucwa kwabantu bakithi umhlaba, intsha yethu ayisenabo qobo ubudlelwano nothando lomhlabathi. Ngisho nembali ethuthukisa umkhiqizo wezolimo iphethwe izinkampani ezimbalwa ezinkulu. Amasango okungena emakethe ale mboni ahlelwe ngendlela yokuthi kubenzima ukungena kubalimi abamnyama kanti nawo aphethwe izinkampani ezinkulu ezimbalwa.

Usuku lwanamuhla lokwethulwa kwesikhathi sokutshala lapha eDumbe lwakhelwe phezu kwezinguquko esifuna ukuzibona zenzeka. Njengoba bengishilo ekuqaleni kwenkulumo yami ukuthi kungokokugcina ngci ukwethulwa kwesikhathi sokutshala ngalolu hlobo.

Ukwethulwa kwalesi sikhathi kuqondene nesikhathi sokutshala ummbila esiqala ngenyanga ka Okthoba kuya kuNovemba. Lesi sikhathi silandelwa yisikhathi sokutshalwa kukabhontshisi esiqala ngoDisemba size siphela ngoFebruwari. Kulesi sikhathi, umNyango uzotshala ubhontshisi nommbila emhlabeni ongamahektha angu 24 000 esiFundazweni.

Lapha esiFundeni saseZululand sihlele ukuthi ngesikhathi sokutshala esizayo sitshale ummbila ongamahektha angu 5000 kanye namahektha angu 2300 kabhontshisi. Lapha eDumbe imali engu R7 770 million izokwabelwa amasimu omphakathi angu 8 ukuze kuvunwe ummbila otshaliwe bese udayiselwa iDumbe Grain Exchange.

Sifisela bonke abalimi abalima emasimini emiphakathi impumelelo njengoba sebeqalisa ukutshala ummbila nobhontshisi. Siyaninxusa ukuba nenze konke okusemandleni enu ukuqinisekisa ukuthi kunokudla okwenele, kudaleka amathuba emisebenzi kanye nokuqedwa kobubha ezindaweni zenu.

Lokhu kungiholela esiphethweni senkulumo yami nalapho ngizochaza khona ukuthi uthini umhlahlandlela omusha onezinhloso zokudlondlobalisa izinhlelo zezolimo esiFundazweni. Inhloso yethu ngukuqeda indlala kanye nokwandisa ukudla okunomsoco.

Sizogxila kulokhu okulandelayo:

- Sizoba nezinhlelo ezahlukene zokulima nokutshala ezizolawulwa izinhlobo zokudla ezidingekayo nezikhathi zakho zokutshalwa kanye nokuthi izimo zemvelo zakuleyo ndawo zivuma hlobo luni lokudla. Lolu hlelo luzosebenza ngokubambisana kanye nokuxoxisana nezinhlobo zemikhandlu, zamakhosi kanye namahhovisi ezolimo atholakala kulezo zindawo.
- Ngaphandle kokutshala imifino, sihlela ukugqugquzela ukutshalwa kwezithelo. Akwamukelekile ukuthi izingane zabampofu zincishwe izondlamzimba

ezitholakala ngokudla izithelo.

- Ngokunjalo imboni yemfuyo izoba yingxenye yokubuyekeza amanani entengo enyama ebomvu kanye neyenkukhu ukuze angambi eqolo.
- Ukuthuthukisa umthamo wokudla okutholakala esiFundazweni ngokuhlinzeka izimbewu, ogandaganda bokulima, umanyolo kanye nezinye izinsiza emphakathini. Konke lokhu sizokwenza ngenhloso yokugqugquzela isiko lokulima. Inhloso esinayo ukuthi imizi nemiphakathi ibe nezivande, sakhe nesikompilo lokulima lande.
- Izinhlelo zokuhlinzeka imishini yokulima kungenzeka kube nzima ukuziletha ngendlela egculisayo kulesi sikhathi sokutshala. Kepha njengomNyango siyaqonda ukuthi yize kunjalo kumele siqhamuke neqhinga elisebenzela abantu. Lokhu kungenzeka kungafezeki kulo nyaka kepha nginesiqiniseko sokuthi kuzolunga ngonyaka ozayo.
- Ukulandela le ndlela entsha kusho ukuthi ezinye izinqubomgondo zethu kuzomele zibuyekezwe kabusha. Ngenxa yalokhu kunenxanxathela yezingqungquthela ezisohlelweni lapho sizobe sibhunga khona ngezinguquko. Sizoxoxisana nabalimi, izisebenzi zasemapulazini, abesimame nentsha lapho siyophuma khona nomhlahlandlela omusha ozosikhiqizela isizukulwane esisha sabalimi abamnyama.
- Enye indawo esifuna ukuyifakela izibuko yileyo yokuphathwa kwemboni yokuthuthukiswa kwemikhiqizo yezolimo ngabathile abambalwa kanye naleyo yokuvimbeleka kwabohlanga oluthile ukuba bakhule kule mboni. Ukuguqulwa kwemigomo elawula ezolimo kanye nokudla kuzoba umsebenzi omkhulu kakhulu kepha kuzomele siqale izingxoxo mayelana nalokhu nokuthi lungalethwa kanjani uguquko. Ekugcineni izinqubomgomo zethu kumele zisebenzele umphakathi kunoma zisekele abambalwa abathile. Ukudla nendlala kuwudaba oluthinta abantu, olumayelana nobulungiswa kanye namalungelo abantu. Singawenza umehluko uma senza ezolimo zibe yisikompilo lethu. Ngiyabonga.



KZN MEC for Agriculture and Rural Development Mr Themba Mthembu together with eDumbe Local Municipality Mayor Clrr Majuba Mavuso during the launch of the KZN Planting Season



MEC Themba Mthembu test driving one of the Departments new tractors during the launch of the KZN Planting Season



MEC Themba Mthembu together with eDumbe Local Municipality Mayor Clrr Majuba Mavuso visiting a Co-Operative at Mphuzane



MEC Themba Mthembu together with eDumbe Local Municipality Mayor Clrr Majuba Mavuso and KZN DARD Portfolio Chairperson Ms Nomagugu Simelane-Zulu advising members of the community during the launch of the KZN Planting Season